



It starts with a story...

Weave your story magic



When we tell our children stories, we spark in them a love of stories. This encourages them to read so that they can discover the stories in books.

One of the ways to make sure that story times are fun and interesting for your children, is by making up your own stories with them. If you've never done this before, John McCormick, author of *Dad, Tell Me a Story*, offers some advice based on his own experience with his sons.

“ Start by asking your children what they want the story to be about. Tell them to say the very first idea that comes into their minds. Do you know what they will say? I do, because children always say the same thing at first: “I don't know.” But don't let them off the hook, encourage them by saying, “Come on, guess. Give me the first idea that pops into your mind.” And your children will.

Even when you come up with a good idea for a story, you're probably going to get stuck part way through. Many times I've got to the halfway point of a story with no idea how to finish on a high note or with a flourish. What do you do? If you get stuck part way through the story, stall for time by asking your children, “Guess what happened next?”

If your children give you a good idea for a direction to take your story, use it. They'll be very excited to hear that you liked their idea and that they've contributed to the story. Even if your children's idea doesn't work, the pause will give you time to think of a new direction for your story! Or perhaps your children's idea isn't quite what works, but close. You can say, “That's a good way to end the story. Here's a similar idea I came up with. Let me know what you think.”

Always remember that our stories do not have to be perfect. The wonder of storytelling is that you will leave your children with a gift they will always treasure . . . the memories of spending time with you making up wonderful and fantastic stories.

You can read more about John McCormick's ideas about family storytelling in his book, *Dad, Tell Me a Story*, and at www.dadtellmeastory.com. For more tips and ideas on storytelling, go to www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

Yeluka umlingo wakho wezindaba

Uma sixoxela izingane zethu izindaba, sokhela kuzo inhansi yothando lwezindaba. Lokhu kukhuthaza nazo ukuthi zifunde ukuze zikwazi ukuzithola izindaba ezincwadini.

Enye yezindlela zokuqinisekisa ukuthi izikhathi zezindaba zithokozise futhi zihlabane umxhwele ezinganeni, ukuzenzela izindaba ubambisene nazo. Uma ungakaze ukwenze lokhu phambilini, uJohn McCormick, umbhali wencwadi ethi *Dad, Tell Me a Story*, ucebisa ngokwenzeke empilweni yakhe ngamadodana akhe.

“ Qala ngokubuzisa izingane zakho ukuthi zifuna indaba ibe ngani. Zitshela ukuthi zisho umcabango wokuqala ngqa ofika emiqondweni yazo. Ngabe uyazi ukuthi zizothini? Ngiyazi mina, ngoba izingane zihlale zisho into efanayo ekuqaleni, zithi, “Angazi.” Ungaziyeke, zikhuthaze ngokuthi, “Ake niqagele bantu. Nginike umqondo wokuqala ofika ekhanda lakho.” Izingane zakho zizokwenzenjalo.

Noma ngabe uqhamuka nomqondo wendaba, kungenzeka ubambeke phakathi nendawo. Sekukaningi ngifika phakathi nendaba ngingenalo icebo lokuthi ngizoyiqeda kanjani indaba leyo ngovuthondaba noma kamnandi. Wenzani-ke? Uma ubambeka phakathi nendaba, yihi ukulibazisa ngokubuzisa izingane zakho, “Qagelani ukuthi yini elandelayo eyenzeka?”

Uma izingane zikunika umqondo wendlela engathathwa indaba yakho, wusebenzise. Zizohlatshwa umxhwele ukuzwa ukuthi ulithandile icebo lazo nokuthi zikwazile ukuba negalelo endabeni. Noma ngabe icebo lezingane zakho alisebenzi, ukuma kancane kuzokunika isikhathi sokucabanga ukuthi ingahamba kanjani indaba yakho! Noma mhlawumbe icebo lezingane zakho lingasebenzi kahle hle, kodwa lisondele kokungasiza. Ungathi, “Indlela enhle le yokuphetha indaba. Nanti icebo elicishe lifane engiqhamuke nalo. Ake ningitshela ukuthi nicabangani ngalo.”

Khumbula ngaso sonke isikhathi ukuthi izindaba zethu akudingeki ukuthi zibe nakho konke okufunekayo endabeni. Ubuhle bokuxoxa indaba ukuthi uzoshiya izingane zakho nesipho esizohlale siyigugu ... inkumbulo yamathuba okuchitha isikhathi nawe nenza izindaba eziyisimanga nezimnandi.

Ungafunda kabanzi ngamacebo kaJohn MacCormick okuxoxela umndeni izindaba encwadini yakhe ethi, *Dad, Tell Me a Story*, naku-www.dadtellmeastory.com. Ukuze uthole amanye amacebo nemiqondo yokuxoxa izindaba, iya ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your imagination

Read to me. Every day.
Ngifundele. Nsuku zonke.



It starts with a story...



Drive your imagination

Your story

Here is a beautiful drawing inspired by Na'ibali, and some heartfelt writing sent in by two of our readers. We hope you enjoy them!

My little sister

I remember the day mom brought you home. I remember how cute and adorable you were and as I held you in my hands that day, millions of thoughts came into my mind. You had finally arrived into our family and things would never be the same again. You had finally come to take my position of being *iphelo* which is the last born of the family. But I did not mind. Not at all! Because I was so excited to have a sister. A beautiful and kind sister. We lived and I watched you grow very fast. I changed your nappies and I bathed you. I fed you and I played with you. You loved me and I loved you more, my little sister.

My little adorable sister, today you're 8 years old and you keep on shining bright every day. Your voice is my melody and your smile brightens up my day. You call me every week when I'm at school just to say that you miss me. We've had our little fights because you don't always listen, but that's okay because after every fight we've had, we always kiss and make up. My little sister, you inspire me. You are the reason why I want to write stories and poems for young children like yourself and express my love every day.


Ntombovuyo Ngaphu, Umtata, Age: 19

Aneve Msezane, Siyaphaphama Reading Club, Nongoma

Aneve Msezane, Siyaphaphama Reading Club, kwaNongoma



Indaba yakho

Nansi imidwebo emihle esuselwa kuNa'ibali, kanye nokunye okubhaliwe okusuka enhliziyweni okuthunyelwe abafundi bethu ababili. Siyethemba ukuthi nizokuthokozela! 

Udadewethu omncane

Ngikhumbula usuku mhla umama ekuletha ekhaya. Ngikhumbula indlela owawubukeka kahle futhi uthandeka ngayo, kanti ngathi uma ngikubamba ngezandla zami ngalelo langa, kwafika imicabango eyizigidi emqondweni wami. Ekugcineni wawusufikile emndenini wakithi futhi izinto zingekke zisafana nasekuqaleni. Ekugcineni wawusufikile uzothatha indawo yami yokuba uthunjana, umagcino phela emndenini wakithi. Kodwa angizange ngibe nankinga nalokho. Angizange nhlobo! Phela ngangijabulela ukuba nodadewethu omncane. Udadewethu omuhle nonomusa. Saphila kahle, futhi ngakubuka ukhula ngokushesha. Ngangikushintsha amanabukeni ngikugeze. Ngangikufunza futhi ngidlala nawe. Wawungithanda nami ngikuthanda kakhulu, dadewethu omncane.

Dadewethu omncane othandekayo, namhlanje uneminyaka eyi-8, futhi uyaqhubeka nokukhazimula nsuku zonke. Izwi lakho lingumkenenezo omnandi kimi kanti

ukumamatheka kwakho kuqhakazisa usuku lwami.

Ungishayela ucingo masonto onke uma ngisesikoleni ngoba nje ufuna ukungitshela ukuthi uyangikhumbula. Sasike silwe kancane ngoba wawuke ungalaleli, kodwa lokho akunandaba ngoba njalo nje emva kokulwa, siphinde sithelane amanzi. Dadewethu omncane, unginika ugqozi. Uyimbangela yokuthi ngifune ukubhala izindaba kanye nezinkondlo zezingane ezincane njengawe bese ngikhombisa uthando lwami nsuku zonke.

Ntombovuyo Ngaphu, UMthatha, Iminyaka: 19

Why don't you also send us your writing and pictures? You'll stand a chance of having them published in the Na'ibali supplement, or on the Na'ibali website. (Remember: it has to be all your own work!) Send them to: info@nalibali.org, or PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700.

Kungani nawe ungasithumeleli okubhalile nezithombe zakho? Ungaba sethubeni lokuthi zishicilelwe esithasiselweni sakwaNa'ibali, noma kusizindalwazi sakwaNa'ibali. (Khumbula: kumele konke kube umsebenzi wakho!) Kuthumele ku-info@nalibali.org, noma ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700.



Send us your reading moments and WIN!

Whether it's a photo of your child enjoying a bedtime story or a picture of them reading their first book, send us your children's reading moments to inspire others to create reading moments with their children too. Simply email your reading moment picture to info@nalibali.org, or share it on Twitter using the hashtag #ReadingMoments. If selected, your photo will appear on the Na'ibali Facebook page, and you will receive a book to enjoy with your children, as well as a Na'ibali T-shirt!

Thumela izikhathi zenu zokufunda bese UWINA!


Noma ngabe isithombe sengane yakho ithokozela ukufundelwa ngaphambi kokulala noma isithombe sayo ifunda incwadi yayo yokuqala, sithumelele izikhathi sokufunda sengane yakho ukuze ukhuthaze abanye ukuthi nabo benze izikhathi sokufunda nezingane zabo. Vele usithumelele isithombe sakho sesikhathi sokufunda ku-info@nalibali.org, noma wabelane ngaso kuTwitter ngokusebenzisa u-hashtag #ReadingMoments. Uma isithombe sakho sikhethiwe, sizovela ekhasini likaNa'ibali laku-Facebook, uzobe usuthola incwadi ozoyithokozela nezingane zakho, kanye nesikhibha sakwaNa'ibali!

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asongwe abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asongwe abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.




... uhambe phakathi kwentunja ...

... through the tunnel ...



“Le yintunja. Ungena ngakwelinye icala, ...

“This is a tunnel. You walk in on the one side, ...



About the author

Tuft and Patch play games is part of a series of books by Wendy Hartmann.

Wendy, who has had more than 40 children’s books published, lives in Table View. Apart from writing, she also paints.

In 2007 her book *Nina and Little Duck* was awarded the coveted M.E.R. Prize for illustrated children’s books. Her book *In a House, in a House* was on the shortlist for the 2010 M.E.R. Prize and *Just Sisi* won the 2011 M.E.R. Prize for best illustrated children’s book.

Sisi Goes to School, published by Human & Rousseau, is her latest book and is in bookstores now.




Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi

Tuft and Patch play games

UTuft noPatch badlala imidlalo




Wendy Hartmann



... ushwibeka uye emuva, uye phambili!"
... swing backwards and forwards."




... and out on the other side."
... uze uphumele ngakwelinye icala."



"Hello, Tuft," said Patch. "I have some games to show you."

"Sawubona, Tuft," kusho uPatch.
"Kukhona imidlalo engifuna ukukubonisa yona."



"I am so glad you are my pet, Patch."

"Kuyangithokozisa ukuthi uyisilwane sami esingumngani, Patch."

“And this,” said Tuft to Patch,
“Kanti lokhu,” kusho uTuft kuPatch,




“And this is a swing. You sit in the
middle and ...
“Bese lo kuba uzwingi. Uhlala phakathi!
nendawo bese ...



Tuft followed his pet python.

UTuft walandela inhlwathi yakhe
eyisilwane esingumngani.

... and slide down,
down,
"down."
... bese uyashushuluzo wehle,
wehle,
wehle."



Fold ↩

"Is a hug."
"okugonwa."



"This is a slide," said Patch. "You climb to the top ..."

"Umshushuluzo lona," kusho uPatch.
"Wena ukhuphuka uye phezulu ..."



"You hold both sides and squeeze," said Tuft.

"Ukubamba amacala akho omabili bese ucindezela," kusho uTuft.

Fold ↩ 6



Get story active!

Tuft and Patch play games has been written especially for younger children. Below are some ideas to try out as you read the story with them. Draw their attention to the details in the illustrations and the story by commenting on them or asking questions such as the following.

- **page 2:** (Point to the yellow bird.) Look at Tuft. What do you think he is doing?
- **pages 4 and 5:** (Point with your finger to show Tuft going down.) Look, Tuft is sliding down Patch! Do you think he's going quickly or slowly? Do you like going down a slide?
- **pages 6 and 7:** (Point with your finger to show Tuft going backwards and forwards.) Look at Tuft swinging backwards and forwards, backwards and forwards. Let's swing our arms backwards and forwards.
- **page 9:** Where do you think Tuft is?
- **page 10:** (Point to Tuft before reading the words.) Oh look, there he is!
- **page 13:** Look, Tuft is giving Patch a hug. Let me hug you too!

Here are some ideas for using *Tuft and Patch play games* with older children.

- Let them read the book in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement.
- Can they think of other games Patch and Tuft could play using Patch's body? Encourage the children to draw pictures of these games. They can then write about their pictures.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Indaba *UTuft noPatch badlala imidlalo ibhalelwe ikakhulukazi izingane ezincane. Lapha ngezansi kukhona amacebo eningawazama ngesikhathi nifunda nazo indaba. Zikhombise indlela okudwetshwe ngayo izithombe nasendabeni ngokuphawula ngakho noma ngokubuza imibuzo efana nale elandelayo.*

- **ikhasi lesi-2:** (Khomba inyoni ephuzi.) Bheka uTuft. Ngabe ucabanga ukuthi wenzani?
- **ikhasi lesi-4 nelesi-5:** (Khomba ngomunwe wakho ukuze ukhombise ukuthi uTuft uyehla.) Bheka, uTuft uyashushuluzela ehla kuPatch! Ngabe ucabanga ukuthi wehla ngokushesha noma kancane? Ngabe wena uyakuthanda ukwehla ngomshushuluzo?
- **ikhasi le-6 nele-7:** (Khomba ngomunwe wakho ukuze ukhombise ukuthi uTuft uya emuva naphambili.) Bheka uTuft eshwibeka eya emuva naphambili, emuva naphambili. Ake sishwibe izandla zethu ziye emuva naphambili.
- **ikhasi le-9:** Ucabanga ukuthi ukuphi uTuft?
- **ikhasi le-10:** (Khomba uTuft ngaphambi kokufunda amagama.) O, bheka, nanguya!
- **ikhasi le-13:** Bheka, uTuft ugoni uPatch. Ake ngikugone nami!

Nanka amanye amacebo eningawasebenzisa endabeni ethi *UTuft noPatch badlala imidlalo* nezingane ezindadlana.

- Zivumele ukuthi ziqale ngokufunda incwadi ngolimi lwasekhaya bese ziyifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo.
- Ngabe bangayicabanga eminye imidlalo engadlalwa uPatch noTuft besebenzisa umzimba kaPatch? Khuthaza izingane ukuthi zidwebe izithombe zale midlalo. Zingabhala nangezithombe zazo.

Make a mobile

Make your own Tuft and Patch mobile. Cut along the dotted line and watch Patch uncurl! Hang up your mobile from the tail-end of Patch's body.

Yenza imobhayili

Zenzele eyakho imobhayili kaTuft noPatch. Sika ulandele amachashaza bese ubuka uPatch eqaqeka! Qaqa imobhayili kusukela ekugcineni komsila womzimba kaPatch.



Reading club corner

September is a month with lots of opportunities for you to celebrate books, writing and reading! Look out for our next supplement and join us in celebrating International Literacy Day. You might also choose one or two of the other days to celebrate. You could choose to read a traditional South African story as well as stories that have something to do with Spring (or new beginnings), trees and pirates this month. Or, read a story in one language and then translate it into another.

September	Heritage month
1-6 September	National Book Week
1-7 September	Arbor Week
1 September	Spring Day
8 September	International Literacy Day
15 September	International Democracy Day
19 September	International Talk-like-a-pirate Day
24 September	Heritage Day
30 September	Translation Day



Ikhona leThimba Lokufunda

UMandulo inyanga enamathuba amaningi kakhulu okuthi ugubhe ngezincwadi, ukubhala nokufunda! Bheka isithasiselo sethu esilandelayo bese uhlanganyela kanye nathi ekugubheni Usuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala Lomhlaba Wonke. Ungakhetha usuku olulodwa noma ezimbili ozozigubha. Ungakhetha ukufunda indaba yomdabu yaseNingizimu Afrika kanye nezindaba ezimayelana neNtwasahlobo (noma ukuqala kabusha), izihlahla kanye nezigcwelegcwele zasolwandle kule nyanga. Noma, funda indaba ngolunye ulimi bese uyihumushela kolunye.

UMandulo	inyanga yamaGugu
Umhla lu-1 ukuya kumhla ziye-6 kuMandulo	Isonto Lezincwadi Likazwelonke
Umhla lu-1 ukuya kumhla ziye-7 kuMandulo	Isonto Lokutshala Izihlahla
Umhla lu-1 kuMandulo	Usuku LweNtwasahlobo
Umhla ziye-8 kuMandulo	Usuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala Lomhlaba
Umhla ziye-15 kuMandulo	Usuku Lwetando Yeningi Lomhlaba
Umhla ziye-19 kuMandulo	Usuku Lomhlaba Lokwazi Ukukhuluma Njengesigcwelegcwele Sasolwandle
Umhla zingama-24 kuMandulo	Usuku Lwamagugu
Umhla zingama-30 kuMandulo	Usuku Lokuhumusha

Story corner

Here is the second part of a well-known traditional story about a special bird and a greedy woman. Enjoy reading it aloud or retelling it.

The guinea fowl that laid golden eggs (Part 2)

Retold by Helen Brain

Every morning after that the family found a golden egg in the cage. Soon they had everything their hearts desired: a new house, a shiny black car, a big screen TV, and lots of lovely clothes to wear. Every night they feasted on the best food, and everyone in their town envied them.

But Pumla wasn't happy. "I want more things! Guinea Fowl, lay me two eggs a day," she demanded.

"I can only lay one egg per day," squawked the bird.

"But I need a bigger house," Pumla said. "I want a better car – a red one this time, and I want to travel around the world, and ..."

"But we are so rich," grumbled Mzi. "Why can't you just be happy?"

"I want more," said Pumla. "I want two eggs every day. I want to be the richest person in the whole country."

"Well, I can't," clucked the guinea fowl. "I can only lay one egg a day."

"You have to," said Pumla, waving the axe. The guinea fowl was so scared its legs wobbled and then ... it pushed and strained and squawked and squeaked and ... out popped another egg! Every day it managed to squeeze out two eggs.

A few weeks later Pumla was dissatisfied again. "I want three eggs a day," she said. "I want to be the richest person in the whole of Africa."

"I can't lay three eggs a day," gasped the guinea fowl.

"Try harder!" shrieked Pumla. "Give me three eggs right this minute, or I will chop off your head!"

The frightened guinea fowl squawked and then it pushed and strained and out popped one egg. Then it pushed and strained and squeezed and squawked and finally out popped a second egg.

"One more," shouted Pumla, "or I will chop you into little bits!"

The guinea fowl pushed and strained and pushed and strained again, and suddenly ... she fell over dead.

"Now see what you've done!" shouted Mzi. "The poor guinea fowl is dead."

"Let's cut it open," cried Pumla. "It must be full of eggs." She grabbed a knife and cut open the guinea fowl's stomach. But, there were no eggs inside, and they never found a golden egg again.



Illustration by Samantha van Riet
Umdwebo wenziwe
nguSamantha van Riet

Tell us if you liked the story, *The guinea fowl that laid golden eggs* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba yomdabu eyaziwa kakhulu emayelana nenyoni ekhethekile nowesifazane oyigovu. Thokozela ukuyifunda kakhulu noma ukuphinda uyixoxe.

Impangele eyayizalela amaqanda egolide (Ingxenye yesi-2)

Ixoxwa kabusha uHelen Brain

Njalo ekuseni emva kwalokho umndeni wawuthola iqanda legolide ekhejini. Kungaphelanga sikhathi base benakho konke abakufisayo: indlu entsha, imoto emnyama ecwebezelayo, umabonakude onesikrini esikhulu, kanye nezingubo zokugqoka eziningi ezinhle. Njalo ebusuku babezitika ngokudla okumnandi, futhi wonke umuntu edolobheni langakubo wayefisa ukuba yibona.

Kodwa uPhumla wayengathokozile. "Ngisafuna okunye okuningi! Mpangele, ngizalelele amaqanda amabili ngosuku," kusho yena ngesankahlu.

"Ngikwazi ukuzalela iqanda elilodwa kuphela ngosuku," kukhala impangele.

"Kodwa ngidinga indlu enkulu kunale," kusho uPhumla. "Ngifuna imoto engcono – kulokhu ngifuna ebomvu, ngifuna ukuhamba amazwe omhlaba, bese ..."

"Kodwa sicebe kakhulu," kugwavuma uMzi. "Kungani ungavele uthokoze?"

"Ngifuna okuningi," kusho uPhumla. "Ngifuna amaqanda amabili nsuku zonke. Ngifuna ukuba umuntu ocelebe kunabo bonke ezweni lonke."

"Ngeshwa, ngeke ngikwazi," kukhala impangele. "Ngikwazi ukuzalela iqanda elilodwa kuphela ngosuku."

"Kuzomele wenzenjalo," kusho uPhumla, esikaza ngezembe. Impangele yayethuke kakhulu nemilenze yayo yaze yaqhaqazela yase ... idudula, ikhanula, yase ikhala, yaphinde yakhala futhi kwase ... kuphuma elinye iqanda! Yakwazi ukukhanula amaqanda amabili nsuku zonke.

Ngemva kwamasono ambalwa uPhumla wayengakeneliswa. "Ngifuna amaqanda amathathu ngosuku," kusho yena. "Ngifuna ukuba umuntu ocelebe kunabo bonke kulo lonke elase-Afrika."

"Ngeke ngikwazi ukuzalela amaqanda amathathu ngosuku," kubabaza impangele.

"Zama kakhudlwana!" kuthetha uPhumla. "Nginike amaqanda amathathu njengamanje, kungenjalo ngizokunquma ikhanda!"

Impangele eyethukile yakhala yase idudula yakhanula yase izalela iqanda. Yase idudula yase ikhanula, yaphinde yakhanula futhi, yagcina seyikhiphe iqanda lesibili.

"Elinye futhi," kumemeza uPhumla, "kungenjalo ngizokuqoba ube yizicucu!"

Impangele yadudula yase ikhanula, yase idudula, ikhanula futhi, kusenjalo ... yawa, yafa.

"Buka-ke ukuthi wenzeni!" kumemeza uMzi. "Impangele bandla isifile."

"Ake siyisike siyivule," kukhala uPhumla. "Kumele ukuthi igcwele amaqanda." Wathatha umbese wase evula isisu sempangele. Kodwa, kwakungekho maqanda ngaphakathi, abazange baphinde bathola elinye iqanda legolide futhi.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *Impangele eyayizalela amaqanda egolide* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

In your next Nal'ibali supplement:

- Things you need to know about literacy
- A cut-out-and-keep book, *I know that!*
- Ideas for celebrating International Literacy Day
- A special Nal'ibali International Literacy Day poster

Don't have time to get to the library or running out of stories to share with your little ones? Visit www.nalibali.mobi to access stories on your phone – anywhere, anytime – and in a range of South African languages! (Standard data rates apply.)



Find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Izinto okumele uzazi mayelana nokwazi ukufunda nokubhala
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina, ethi, *Ngikwazi lokho!*
- Amacebo okugubha Usuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala
- Iphosta ekhethekile yakwaNal'ibali yoSuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala

Ngabe awunaso isikhathi sokuya emtatsheni wezincwadi noma usuphelelwa izindaba ongabelana ngazo nezingane zakho? Vakashela ku-www.nalibali.mobi ukuze ukwazi ukuthola izindaba kumakhalekhukhwini wakho – noma ikuphi, noma inini – nangezilimi ezahlukene zaseNingizimu Afrika! (Kusebenza izimali ezikhokhiswa komakhalekhukhwini ezijwayelekile.)

